TSHIMANGADZO SAMUEL BENEDICT DASWA

"Umfelukholo"

16 June 1946 - 02 February 1990

Umthandazo we-Novena

DIOCESE of TZANEEN
PO Box 261
TZANEEN 0850
SOUTH AFRICA

TEL: (015) 307 5244
FAX: (015) 307 3078

bendaswa@mweb.co.za

Ebhalela iBandla lase-Afrika, uPhapha Benedict weshumi nesithupha (XVI), unxuse ukuba kube nabanye abaCwebileyo e-Afrika: “Ngigqugquzela abelusi beBandla lasekhaya ukuba bembulelwe noma babone phakathi kwezisebenzi zeVangeli e-Afrika labo abafanele ukuCwetshiswa ngokwemigomo yeBandla, kepha hhayi-nje ngoba kufanele kwande isibalo sabantu abaCwetshisiweyo e-Afrika, kodwa ngoba kunesidingo sokuba sibe nabanxuseli ekhaya eZulwini, bekanye neBandla lonke futhi babe sohambeni oluNgcwele nokuthi banxusele iZwekazi lase-Afrika kuNkulunkulu. Ngokwethemba kuMame ongummeli weZwekazi lase-Afrika kanye nabaCwebileyo bonke beZwekazi, neBandla lonke elikhona eAfrika.” (AM No 114)

Kwasemandulo ngenkathi yeBandla lokuqala, izwe lase-Afrika labusiseka ngengcebo yabaningi abaCwebileyo, njengobaba abathathu beBandla, ubaba u-Augustine Ocwebileyo, ubaba u-Cyril wase-Alexandra kanye nobaba u-Cyprian kanti futhi phakathi kwabo kwakukhona nabesifazane bangaleyonkathi, njengo-Monica unina kaAugustine oCwebileyo namanye amaqhawe afela ukholo njengo-Perpetua beno-Felicity abaCwebileyo. IBandla libuye lanikeza amanye amagama abaCwebileyo nabaFelukholo balesisikhathi, Josephina Bakhita oCwebileyo, owayeyisigqila ephuma ezweni laseSudan, kanye nabafelukholo base-Uganda u-Charles Lwanga oCwebileyo nabangani bakhe abangamashumi amabili nambili.

AmaKhatholika, abaCwebileyo kanye nabafelukholo abathatha njengokhokho babo okholweni. Banokuhlanganyela kuNkulunkulu futhi bayilokhu bemunye ngokujulile nemindeni yesintu nangokwenhlalakahle yethu. Ngakho-ke singaya kubo ngelikhulu iqholo ukuba basidlulisele izidingo nezinswelo zethu kuNkulunkulu. Indlela ababanesibindi ngayo nokwenza kahle kwabobesesemhlabeni iyisibonelo esinamandla kithi ekuphileni ukholo lwethu lwansuku zonke. Nathi futhi njengabalandeli baka Kristo kufanele sikuthokozele ukwabelana nabanye ngokholo lwethu. Singesabi nakancane ukuvikela ukholo lwethu, ngisho ukulufela imbala.

Kubaluleke kakhulu ukuba iBandla eliKhatholika e-Afrika lisisukumele isicelo sikaPhapha sokuba nabaCwebileyo abaningi e-Afrika. KwisiFundabhishobhi saseTzaneen, u-Benedict Daswa wabonakala njengeKhatholika eliyisibonelo

ngesikhathi sakhe. Umyeni, uBaba, umfundisi noThishanhloko owayayenonembeza, owayezinikele ngokujulile empilweni yoMphakathi wamakholwa (iBandla) kanye neyomphakathi wangakubo. Wayeyindoda eneqiniso, ukwethembeka kanye nesihawu esikhulu. U-Benedict wahlonishwa kakhulu ngesibindi sakhe sokuma okholweni lwakhe, lapho ayebhekene nezinkolelo zamasiko kanye nokwakwenziwa

ngokuphikisana nakho. Emva kokubulawa kwakhe ngesihluku, umphakathi wamaKhatholika wamkhumbula ngokuthi njalo uhambele itshe lakhe lesikhumbuzo ukuyokhuleka. Abantu bacela abaholi beBandla ukuba balandele futhi bahlole impilo nokufa kwakhe, benomqondo wokuthi naye aCwetshiswe njengo-Santi nomfelukholo.

Ikomidi lezokuphenya lesiFundabhishobhi elisemthethweni, labe selibheka futhi lacwaninga impilo nokufa kwenceku kaNkulunkulu, uTshimangadzo Samuel Benedict Daswa, okwaphethwa ekuqaleni konyaka ka-2009. Okwabe sekwamukeleka kwiNhlangano yabaCwebileyo ese-Rome ngo-November 2010. Emva kokuba sekuphothulwe konke okusemthethweni maqondana nokuCwetshiswa. Ukwamukela kwe-Rome lesisicelo kusigqugquzela kakhulu isiFundabhishobhi sase-Tzaneen, kusivulela nendlela yokudlulisa isizathu sokuba u-Benedict Daswa abe umfelukholo noCwebileyo, hhayi kuphela nje weNingizimu Afrika kepha weZwekazi lase-Afrika lonkana kanye futhi nomhlaba wonke. Abacwaningi bavumelana ngo-Olethu ngomhlaka 09 October 2014 ukuthi uBenedict ungomunye wabafela ukholo, kanjalo futhi nesigungu i-Sacred Congregation ngomhlaka 13 January 2015. uPhapha u-Francis wakwamukela ukuba abe ngomunye wabafela ukholo ngo 22 January 2015 wabe esekushicilela ngomhlaka 26 January 2015

Simema bonke abantu ukuba bafunde kabanzi ngalendoda eCwebile nenesibindi balandele nenkambo yayo ekuvikeleni ukholo. Ku-Benedict impilo yomuntu yayiNgcwele futhi idinga ukuhlonishwa nokuvikelwa ngasosonke isikhathi. Njengomlandeli wempilo Nguyena oyisibonelo esihle sesiko-mpilo lanamuhla. Ngalesizathu sicela abantu ukuba bakhulekele uku-Busiswa kwakhe ngokumxusela kuNkulunkulu ukuba aCwetshiswe.

Le-Novena ka-Benedict Daswa ingumkhuleko onamandla kakhulu, ongazikhulekela wedwa noma niyithimba, emakhaya noma ezigcemeni. Sineqiniseko sokuthi uma ukhuleka le-Novena ngokukholwa kuKristo kanye nakuMoya oNgcwele, uNkulunkulu uyokwehlisela izibusiso eziningi ngokunxuselwa u-Benedict Daswa. Sinxusa ukuthi noma ngabe ubani ofumane umusa ngokunxuselwa u-Benedict Daswa, azise abanye kanye nathi.

Sidlulisa ukubonga okukhulu kuBaba Andre Bohas msc kanye no Herman Vann Dijck MSC ngomsebenzi wakhe wokubhala lomkhuleko we-Novena.

Bishop Joao Noe Rodrigues
Diocese of Tzaneen
Limpopo Province
South Africa

Bishop Hugh Slattery msc
Bishop-Emeritus, Tzaneen

ISICHASISO NGOKUFINGQIWE(Abbreviations)

AM	Africae Munus – *Africa's Commitment* Post-Synodal Apostolic Exhortation – Pope Benedict XVI, 2011
CCC	Catechism of the Catholic Church Promulgated by Pope John Paul II, 1992
CIC	Codex Iuris Canonici – *Code of Canon Law* Promulgated by Pope John Paul II, 1983
CL	Christifideles Laici – *On the Vocation & Mission of the Laity* Apostolic Exhortation – Pope John Paul II, 1988
EV	Evangelium Vitae – *The Gospel of Life* Encyclical – Pope John Paul II, 1995
FC	Familiaris Consortio – *The Family in the Modern World* Apostolic Exhortation – Pope John Paul II, 1981
GS	Gaudium et Spes – *The Church in the Modern World* Pastoral Constitution – Vatican Council II, 1965
LG	Lumen Gentium – *Light of the Nations* Dogmatic Constitution – Vatican Council II, 1964
NMI	Novo Millennio Ineunte – *Entering the New Millenium* Apostolic Letter – Pope John Paul II, 2001

Yini i-Novena?

I-Novena umkhuleko wokuzinikela oqhubekayo okhulekwa izinsuku eziyisishiyagalolunye(9) zilandelana, ngenhloso yokufumana umusa kuNkulunkulu. Lendlela yokukhuleka isetshenziswa kakhulu eBandleni. IBandla lilandela isibonelo sokwenziwa abaPhostoli kanye noMariya bekhuleka izinsuku eziyisishiyagalolunye, kusukela iNkosi uJesu inyukela eZulwini (Ascension Day) kuze kube (Pentecost) ukweHliswa koMoya oCwebileyo Izenzo 1: 14

Ukukhuleka i-Novena kungukubekezela emkhulekweni, ngokucela umusa kaNkulunkulu esikhathini sezinsuku eziyisishiyagalolunye zilandelana. Kugcwaliseka imfundiso yeNkosi yethu, yokuthi masikhuleke singaphezi futhi singapheli amandla. Lokhu kususelwa emazwini eNkosi yethu athi: "(Pentecost) **"**Celani niyakuphiwa, funani niyakufumana; ngqongqothani niyakuvulelwa. Ngoba ocelayo uyaphiwa, ufunayo uyafumana; ongqongqothayo uyavulelwa.**"** (Luka 11: 9 – 10)

O-Busisiweyo

UMTHANDAZO

Wenovena

(Ukhulekwa njalo ngosuku ekupheleni kwe-Novena)

O! Buthathu obuCwebileyo,
Ngiyakholwa ukuthi uhleli kimi ngoMbhabhadiso.
Ngiyakuthanda, ngiyakutusa futhi ngiyakudumisa.
Ngiyakubonga ngo-Busisiweyo, uBenedict,
Owamukhetha ukuba abewufakazi ngokufela ukholo lwakhe
NgoJesu Kristo, uMsindisi wami neNkosi yami.

Bab' ophezukonke, wagcwalisa inhliziyo yoBusisiweyo u-Benedict
Ngothando olukhulu namandla ekwakheni uMbuso wakho,
Wamupha isibindi namandla
Okumela ukholo lwakhe ngaphandle kokwesaba, akesabanga nokufa imbala.

Nkulunkulu othandekayo, ngikhulule kuzo zonke izenzo ezingalungile,
Ungivikele nasemimoyeni engalungile,
Ngenze ngibe umphostoli wempilo oneqiniso emndenini wami nase mphakathini.
Sengathi ukukhanya kwakho O Nkosi, kungahlala phezu kwami nakimi.

Nkosi Jesu, ngokunxusela oBusisiweyo u-Benedict,
Ngiyacela ukuba ngilandele isibonelo sakhe,
Sokuhlala ngixolela ngomoya wobuKristo.

Uyazi ngezinkinga zami eziningi nezinkathazo,
Nokwesaba kwami okukhulu uma ngibuka ikusasa.
Ngithatha amandla nesibindi empilweni yo-Busisiweyo,
Ngiza kuwe manje Nkosi, nangokunxuselwa nguye,
Ngicela ukwenzelelwa okukhethekile uma kuyintando yakho.

Ngisize njalo ukulandela isibonelo esihle so-Busisiweyo uBenedict.
Ngomkhuleko wezinsuku zonke, nokuya njalo esontweni,
Ngisize ngikuthande, O Nkosi,ngaphezu kwezinto zonke
Ngithande abanye njengoba ungithanda.
Amen!

USUKU LOKUQALA: WABHABHADISWA KU-KRISTO

Ungomdala ezinganeni ezinhlanu,uTshimangadzo Samuel Daswa wazalwa nomhlaka 16 kuNhlangulana (June) ngonyaka ka 1946 esigodini saseMbahe ngase-Thohoyandou. Wakhulela enkolweni yamasiko ase-Afrika, wayeyilunga lama-Bakali lesizwe sama Lemba, abazibiza ngokuthi bayisizukulwane sama-Juda. Batholakala kakhulu esizweni sama-Venda kodwa bayatholakala futhi phakathi kwesizwe sasenyakatho sabeSuthu nesizwe samaTsonga e-Polokwane, eNingizimu Afrika. Esengumfundi emabangeni aphakeme uTshimangdzo wenza izifundo zemfundiso yobuKhatholika kumhlwanyeli wakhe ongasekho, uFata Benedict Risimati.
Wathatheka kakhulu yilendoda yokholo olujulile kangangokuba wakhetha igama uBenedict ukuba abhabhadiswe ngalo. Isiqubulo sika-Benedict wasenza sabangesakhe, 'khuleka futhi usebenze'. Lokhu kwayikhuthaza impilo yakhe njengomKristo. Ngomhlaka 21 Ephreli 1963 wabhabhadiswa uFata u-Augustine O"Brien MCS, wabe esemukela isaKhramente eliNgcwele-cwe laseLathini ngokokuqala. Ezinyangeni ezintathu ezalandela wabe eseqiniswa ngu-Rt Rev Abbot/uMbhishobhi FC Van Hoeck OSB, umBhishobhi ophethe indawo yase-Pietersburg. Emva kokuqeda esikoleni samabanga aphezulu, u-Benedict waqeqeshelwa ukuba umfundisi(thisha) wesikole samabanga aphansi.

IZWI LENKOSI
Ngakho sembelwa naye ngokubhabhadiselwa kuko ukufa ukuba njengalokho uKristo wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha. Ngokuba uma sihlanganiswe kanye naye ngokufa okufanayo, siyakuba njalo nangokuvuka. (KwabaseRoma 6: 4-5)

UKUJULISA UKHOLO
...Njengoba umbhabhadiso ungukungena ngokweqiniso ebuNgcweleni buka Nkulunkulu ngokuhlanganyela kuKristo nokuhlala phakathi koMoya wakhe, kuyakuba ukudideka ukukhetha impilo yobubi ebonakala inokuziphatha okungagculisi nenkolo encane. Ukubuza ama-Khathekhumeni "Niyafisa ukuthola umbhabhadiso?" kuchaza futhi ukubabuza: "Niyafisa ukuba Ngcwele?". Kusho ukubeka phambi kwabo ukubaluleka kwentshumayelo yaseNtabeni: "Ngakho-ke manibe ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo waseZulwini ephelele". (NgokukaMathewu 5:48). (NMI 3)

UMZINDLO:
Usho ukuthini kimi umbhabhadiso engabhabhadiswa ngawo?
Kungabe ngiyafisa ngempela yini ukuba ngoNgcwele njengoba uNkulunkulu eNgcwele?

UMKHULEKO:
UJehova ungumalusi wami, angiyakuswela. Uyangilalisa emadlelweni aluhlaza; uyangiyisa ngasemanzini okuphumula. Ubuyisa umphefumulo wami; uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe. Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angesabi okubi, ngokuba wena unami, intonga yakho nodondolo lwakho ziyangiduduza. Imihla yonke yokuphila kwami; ngiyakuhlala endlini kaJehova kuze kube phakade. (AmaHubo 23: 2b-4.6)

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESIBILI: INDODA EYAZIWA NGOKUSEBENZA

Wayelokhu ehleli esiqubulweni sakhe, " Khuleka usebenze", u-Benedict wayekholelwa eqinisweni, ukusebenza kanzima okungumvuzo wokudumisa uNkulunkulu ngokusiza abantu emphakathini. Wabe enguThisha-nhloko wesikole i-Nweli samabanga aphansi, u-Benedict wabe ezinikele ngakho konke okusemandleni emsebenzini wakhe wokufundisa. Kwathi ngelinye ilanga uthisha-mumbe ezama ukweqa ukulungiselela izifundo ayezozifundisa ngesonto elalizolandela eya ebhange elabe lisesi-Sibasa ukuba ayokhipha imali. Kwathi ukuba abone ukuthi akekho, u-Benedict wangena emotweni yakhe, wamlandela, wamisa itekisi abe egibele kuyo wamehlisa wamthatha wamubuyisela esikoleni ukuba aqedele amalungiselelo ezifundo. Wathi eseqedile, uBenedict wamuhambisa ngemoto yakhe ebhange.

Kubudlelwane bakhe nabafundi, uBenedict ngaso sonke isikhathi wabe ekhuthazwa uthando. Wabe ebagqugquzela ukuba basebenze kanzima ngokuzimisela, bakwazi ukuzimela nokuzicabangela. Kulabo ababengakwazi ukukhokhela izifundo zabo wabe ebabiza ukuba bazosiza engadini yakhe ukuze bahole bathole imali yokukhokha esikoleni. U-Benedict wabe ehambela emakhaya alabo ababephuthile ukuyothola ukuthi kungani bengekho esikoleni khona ezokwazi ukusiza uma kunesidingo. Yena nezingane zakhe, babesebenza engadini yakhe yezitshalo abuye atshale izihlahla okuyinto eyabe ingajwayelekile kothisha, uthisha-nhloko, kumbe kubantu abafundile.

U-Benedict wabe etshengisa ukuba ngumholi oqotho ngokusebenzisa imali ngokucophelela eyisebenzisela izinto ezibalulekile. Wabe engowokuqala endaweni ukuba akhe umuzi owakhiwe ngezitini ewakha ngemali ayekade eyilondoloza emholweni wakhe kanye nasekudayiseni izitshalo abe ezilimile. Wayekwazi ukusebenzisa imali. Wakwazi ukuthenga imoto, umabonakude kanye nocingo lwasendlini, kodwa ngenxa yomona, abanye babethi uyathakatha (uthwebula abantu).

IZWI LENKOSI

"Ngokuba kunjengomuntu owathi eyakuhambela kwelinye izwe wabiza izinceku zakhe, wazinika impahla yakhe; enye wayinika amatalenta ayisihlanu, enye aba mabili, enye laba linye, kwaba yileyo naleyo njengamandla ayo; wamuka-ke. (Mathewu 25: 14-15)

UKUJULISA UKHOLO

Nazaretha, wenandlu "yeNdodana yom'bazi", kulapho sifisa ukwazi nokugubha ubukhosi kanye nokukhululwa ebumnyameni bokugqila. Sicela ukuvuseleleka sazi ubukhulu bakho ngemisebenzi yakho; sikhumbule ukuthi imisebenzi yakho ayisoze yaphela, kodwa inkululeko kanye nobukhulu bakho, kanye nokubaluleka kwakho, ekubalulekeni okuyinhloso yakho; engathi singakwazi ukukhombisa izisebenzi zakho umhlaba wonke sibakhombise ukuthi babalulekile, sibakhombise uMfowabo onamandla onke, abaphrofethe, uKristo uMsindisi wethu. (Pope Paul VI, address in Nazareth, 5 January 1964)

UMZINDLO:

Kungabe ngiwenza kahle umsebenzi wami/ ngisebenza ngendlela okumele ngisebenze ngayo?

Kungabe ngifikelwa amahloni uma ngisebenze ngokungaphansi kokufanele ngikwenze?

UMKHULEKO

Bese kuphuma umuntu, aye emsebenzini wakhe nasekukhandlekeni kwak-he kuze kuhle. Jehova, yeka ubununngi bemisebenzi yakho; yonke uyenzile gokuhlakanipha; umhlaba ugcwele izidalwa zakho. (Psalm 104,23-24)

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESITHATHU: INDODA EYABE IWUKHATHELELE UMNDENI WAYO

Ngo 1980, uBenedict washadelwa u Shadi Eveline Monyai, owabe eyiLuthela wabe esephenduka eba i-Khathokila. Babe benezingane eziyisishiyagalombili, eyokugcina yazalwa ezinyangeni ezine eseshonile. U-Benedict wabe ekholelwa ukutheni alekelele uNkosikazi wakhe ezinganeni kanye nokwenza imisebenzi yasendlini kwabe kuseyingxenye yezifungo zomshado wabo. Wabe ebatshela abantu, ukuba "balekelele amakhosikazi abo ngemisebenzi yasendlini", wafundisa izingane zakhe ukulekelela ekhaya. Waphinda wazifundisa ukusebenza kanzima, esikoleni kanye nasemasimini.

Babe bekhuleka ndawonye njalo kusihlwa bewumndeni. Ngesikhathi sokukhuleka bewumndeni babefunda nezwi, lowomkhuleko wabe ufana nokuthi "inkonzo yomndeni". Bewumndeni, babeya masonto wonke eMiseni. U-Benedict Daswa wabeka usuku elalaziwa ngokuthi " usuku luka-Daswa" elabe lingoKhisimusi. Umndeni kanye nezihlobo babejwayele ukuba balugubhe ndawonye. Ngalolosuku kwakunikwana izipho, izingane zazithola izinto zesikole zonyaka owawulandela.

IZWI LENKOSI

Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labo ababili bayakuba nyamanye. Le mfihlakalo inkulu, kepha ngikhuluma ngoKristo neBandla.

Bantwana, lalelani abazali benu eNkosini, ngokuba lokho kulungile. Yazisa uyihlo nonyoko…, okungumyalelo wokuqala onesithembiso: ukuze kube kuhle kuwe, uhlale kade emhlabeni. Nani boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu, kodwa nibondle ngokuyala nangokuqondisa kweNkosi. (Abase-Efesu 5: 31-32; 6, 4)

UKUJULISA UKHOLO

Bo Mama, kungabe niyazifundisa yini izingane imikhuleko yokholo? Niyabalungiselela, ngokubambisana nabapriste, ukubalungiselela iSakramente lelo abalitholayo ngesikhathi besezingane: ukuvuma, ukwamukela kanye nokuqiniswa? Niyaba khuthaza uma sebeqala ukukhathala ukuza ebandleni, ukukhuleka iRosari kanye nemikhuleko yo-Santa? Niyalithandaza i-Rosali ndawonye? Nina madoda, niyakhuleka nezingane zenu, niyakhuleka nomndeni wonke, okungenani kwezinye izikhathi? Kungabe uqotho ngokucabanga noma ngokwenza, uyahlanganyela nabanye niyokhuleka, uyabafundisa ngempilo, uyaya ukuyodumisa. Uma wenza ngalendlela uyoletha ukuthula emndenini wakho. (FC 60)

UMZINDLO

Kungabe uxhumana kanjani nomuntu ohlala naye, kanye nezingane zakho?
Kungabe niyakhuleka ndawonye njengomndeni? Nikwenza kangakanani lokho?

UMKHULEKO

Umkakho uyakuba njengomnqumo othelayo phakathi kwendlu yakho, abantwana bakho babe njengezithombo zomnqumo, bezungeza itafula lakho, ngokuba bheka, kanjalo iyakubusiswa indoda emesabayo uJehova. (Amahubo 128:1. 3-4)

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESINE: INDODA EZINIKELE EMPHAKATHINI

U-Benedict wabe ehlonishwa kakhulu emphakathi. Wabe engumholi wokuzalwa kanti futhi wabe ezwana kakhulu neNduna yesigodi eyabe isimkhetha ukuba abe unobhala esigungwini. Yonke into abe eyenza wabe ehambisa phambili imfundiso yeBandla, u-Benedict wayengesabi ukuveza uvo lwakhe. Wabe ehlonishwa kakhulu ehlonishelwa ukuthembeka nobuqotho kanjalo futhi nokuba neqiniso kanye nokuzithoba. Kwathi ngelinye ilanga, bamsola ngokusebenzisa izimali zesikole ukwakha umuzi wakhe, ngoba wabe engenacala kwazise wabe engumholi oqotho induna yesigodi yabe isiqoka ithimba elizophenya ngezinsolo.

UBenedict wabe ekholelwa kakhulu ukuba abantu ikakhulukazi abasebancane bazimbandakanye nezemidlalo, wasungula iqembu lebhola labantu abasebancane. Wabe enzela ukubagcina bematasa, bakwazi ukuhlonipha, kanye nokuba bangabi uvanzi emigwaqeni.

Ngesikhathi kunesomiso eVenda ngesikhathi sama-80,s, u-Benedict wakhuluma nabantu abaziyo wabancenga ukuba babanike ukudla esikoleni.

IZWI LENKOSI

“Nina niwusawoti womhlaba, kepha uma usawoti edumele, ubusawoti bovuswa ngani na? Akasasizi lutho, kuphela ukulahlwa ngaphandle, unyathelwe ngabantu.

“Nina ningukhanya kwezwe. Umuzi owakhe entabeni ungesitheke.
Nomuntu kasokheli isibani, asibeke phansi kwesitsha, kodwa usifaka othini; khona siyabakhanyisela bonke abasendlini. Kanjalo makukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu ukuba babone imisebenzi yenu emihle, badumise uYihlo osezulwini”. (Mathewu 5: 123-16)

UKUJULISA UKHOLO

Ukuze nikwazi ukufeza imisebenzi okumele niyenze emakholweni, kumele nisebenzele abantu kanye nomphakathi, amakholwa athembekile awasoze ayeka ukubamba iqhaza “ezimpilweni zabantu”, okufaka izigaba ezahlukahlukene zomnotho, ezenhlalakahle, ezomthetho, ezokuphatha kanye nezamasiko, okumele ukuba kubhekelele ukugqugquzela inhlalakahle kubantu bonke. (CL 42)

UMZINDLO

Ikuphi engikwenzayo ukuze kuthuthuke umphakathi engihlala kuwo?
Kungabe imisebenzi emphakathini noma eqenjini lezepolotiki ngiyenza ngokwethembeka?

UMKHULEKO

Ubonile wena; ngokuba ukukhathazeka nokuhlupheka uyakubona ukuze ukubeke esandleni sakho; othithibeleyo uyakuzinikela kuwe; wena ungumsizi wentandane.

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESIHLANU: INDODA EZINIKELE EBANDLENI

Esebenza njengo-Mkhathekisi oli-volontiya, uBenedict Daswa wasiza ukwakha umphakathi weBandla, ikakhulukazi ukulungiselela abantu abazobhabhadiswa. Wabe elilunga loMkhandlu Wokwalusa futhi engaphuthi emihlanganweni. Wayephinde ahole izinkonzo lapho uMpriste kumbe uMalusi engekho. Nakwabasha wayebambe iqhaza, ebagqugquzela ukuphila izimpilo zabo ngendlela nangokuzilungiselela ikusasa elihle, ukuba bathande ukholo lwabo.

U-Benedict wethembisa umkakhe ukuthi wayezoqala ukwakha umuzi wabo nxa sekuphele ukwakhiwa kwedlu yesonto lase-Nweli. Umsebenzi wokwakhiwa kwesonto lokuqala laMakhatholika endaweni wawusenhlizweni yakhe kakhulu. Akagcinanganje ngokusiza uMpriste ngokuba kuthuthwe impahla yokwakha ngemoto yakhe u-Benedict, kodwa wasebenza ngokuzikhandla lapho selakhiwa, wagqugquzela nabanye ukuba benze okufanayo. Kwathi isakhiwo sendlu yesonto sesiphelile, wabe eseqala ukwakha umuzi wakhe njengoba wayekade ethembisile.

IZWI LENKOSI

Kanjalo thina esibaningi simzimba munye kuKristu, kepha ngabanye siyizitho, omunye esomunye. Sinezipho zomusa ezahlukileyo ngokomusa esiwuphiweyo; uma singesokuprofetha, asiprofethe ngesilinganiso sokukholwa; uma kungesokukhonza, kube senkozweni; ofundisayo, kube sekufundiseni, oyalayo, ekuyaleni; owabayo, enze ngobuqotho; oholayo, ngenkuthalo; ohawukelayo, ngentokozo. (KwabaseRoma 12, 5-8)

UKUJULISA UKHOLO

Njengoba sizelwe kabusha kuKristu, kukhona ukulingana nesithunzi esifanayo kubo bonke abakholwayo. Sibambisene sonke ekwakheni iBandla likaKristu ngokwesiphiwo omunye nomunye anaso. (CCC 872. CIC, Can. 208; Cf. LG 32)

UMZINDLO

Kungabe yini engiyenzela iBandla lami, eBandleni?
Kungabe ngilibambile iqhaza ekwakheni, nasekulungisweni kwezakhiwo zesonto nemisenzi yonke yokuligcina lisesimweni esihle?

UMTHANDAZO

Angiyikungena etendeni lendlu yami;
Angiyikwenyukela embhedeni wami;
Angiyikunika amehlo ami ubuthongo,
Nezinkophe zami ukozela
Ngingakatholeli uJehova indawo,
Indlu yonguMninimandla kaJakobe. (Amahubo 132, 3-5)

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESITHUPHA: INDODA YOMKHULEKO NOKUPHANAOKUNGENAKHAWULO

Ababemazi kahle u-Benedict babekuqaphelile ukuthi wayengumuntu womkhuleko nsukuzonke emndenini kanye naseBandleni. Wayenobuhlobo obujulile noKristu, elawulwa futhi elekelelwa ukholo lwakhe kuzo-zonke izingxenye zempilo. Wayekhombisa uthando olukhethekile kwabagulayo, abangenamandla, nabasemajele ethanda ukubavakashela. Wayengaqeni ukuthatha kokwakhe anikunikele kwabampofu nabantulayo endaweni yakubo, nakubafundi besikole samazinga aphansi sase-Nweli.

Ngentambama yangomhlaka 2 February 1990, u-Benedict wayesebenza esivandeni sakhe – umakoti kamfowabo wamcela ngokuphuthumayo ukuba amthathele ingane yakhe ayiyise kudokotela ose-Makwarela eSibasa. Ngaphambi kokuba adumise imoto yakhe wathi kuye: “Masithandaze kuqala”. Edleleni esebuya ukuza eMbahe, wagibelisa indoda eyayihlala endaeni engumakhelwane. Lendoda yayiphethe isaka lempuphu, ingakwazi ukugibela ezokuthutha zomphakathi ngenxa yodlame olwalukhona ngalesosikhathi.

IZWI LENKOSI

“Ngokuba ngangilambile, nangipha ukudla; ngangomile, nangiphuzisa; ngangingumfokazi, nangingenisa; ngihamba-ze nangembathisa; ngangigula, nangihambela; ngangisetilongweni, neza kimi”. “Khona bayakuyiphendula abalungileyo bathi: 'Nkosi, sakubona nini ulambile sakuphapha ukudla, noma womile sakuphuzisa na? Sakubona nini ungumfokazi sakungenisa, noma uhamba-ze sakwembathisa na? Sakubona nini ugula, noma usetilongweni, seza kuwe na?' Isiyakuphendula iNkosi, ithi kubo: 'Ngiqinisile ngithi kini, njengokuba nikwenzile komunye walaba bafowethu abancane, nikwenzile kimi.' (NgokukaMathewu 25, 35-40)

UKUJULISA UKHOLO

… Lonke iBandla liyabizwa ukuba lenze imisebenzi yesihe: “Kusukela emandulo, iBandla lajobelela ukwabelana eSidlweni esiNgcwele, ngokwenzenjalo lakhombisa ukuthi limunye kuKristu ngokwabelana. Kanjalo kuzo zonke izizukulwane, iBandla lizibonakalisile ngalesenzo sothando, futhi liyathokoza ngenzenzo ezinje ezenziwa nangabanye. iBandla lizibona linesibopho nelungelo lokwenza imisebenzi yesihe. Ngalesizathu, imisebenzi yesihe kwabampofu nabagulayo, neminye ehlose ukwelekelela isintu ezidingweni ezahlukene, ithathwa njengemqoka eBandleni.” (CL41)

UMZINDLO

Kungabe ngiyabasiza futhi ngibalekelele abantu abadingayo?
Ngiyabanakekela yini abampofu nabahlwempu emphakathini wami?

UMTHANDAZO

Ngenxa yothando lwami bayangizonda, mina ngisemkhulekweni njalo.
Bangibuyisele okubi ngokuhle, nenzondo ngothando lwami.
(Amahubo 109: 4-5)

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESIKHOMBISA: UMFAKAZELI WEQINISO ONGAPHELI MANDLA

Kungumhlaka 25 January 1990 izulu liduma kakhulu, umphezulu wadlalela futhi washisa izindlu eziningi ezazifulelwe ngotshani endaweni. Ngokwesiko uma kuba nesehlo esinje, akuze kungathathwa njengesehlo semvelo, kodwa kuthathwa njengesehlo esihambisana nokuthakatha. Inkosi yendawo yabizela ndawonye abasizi bayo kanye namalunga omphakathi ukuze kubhungwe ngalesehlo futhi kutholakale nomenzi waso. Base bevumelana ngokuba kucelwe umelaphi wendabuko ukuba ahlole ukuthi ngubani lomenzi wobubi endaweni. Base benquma ukuba umuntu ngamunye akhiphe u-R5 ukuze kukhokhelwe lomelaphi.

U-Benedict wafika emva kwesikhathi kulomhlangano, nalesinqumo sesithathiwe. Wathi uyazama ukuchazela umhlangano ukuthi umphezulu yisehlo semvelo, kwaba nhlanga zimuka nomoya. Wakhombisa okukhulu ukungahambisani nenkolelo yokuthi kwakunabathakathayo endaweni ababeyimbangela yomphezulu owawubhubhisa imizi. Kuthe ebona ukuthi akekho onendaba nombono wakhe, uBenedict wenqaba ukufaka owakhe u-R5, wathi inkolo yakhe yobuKhatholika ayimvumeli ukuba abambe iqhaza ezintweni ezihambisana nokuthakatha.

IZWI LENKOSI

“Futhi ngithi kini: Yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu neNdodana yomuntu iyakumvuma yena phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu; kepha ongiphika phambi kwabantu uyakuphikwa phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu”. (NgokukaLuka 12, 8-9)

UKUJULISA UKHOLO

Ubuthakathi, obumpande zabo zisenkolelweni yomdabu, busekhona nanamuhla. Uvalo olwalukhona nasemandulo luholela abathile ukuba bagcine bethathe izinqumo ezinzima. Ukuxakeka kwezempilo, inhlalakahle, abantwana, isimo sezulu,kanye nokuvikeleka emimoyeni emibi kuholela abantu ekubuyeleni ezinkolweni zamasiko zomdabu ezingahambisani nemfundiso yenkolo yobuKristu. Nanamuhla inselelo yokuncelisa amawele isekhona (umuntu abe yikholwa ngapha, ngale akholelwe ezintweni zenkolo yomdabu). IBandla e-Afrika kumele liqhubeke nokufundisa abantu ukuze baqonde kagcono ngemfundiso yeVangeli. Lokhu kungenziwa abahlwanyeli kanye nemfundiso ngeBandla namasiko. Kubalulekile ukubheka izenzo zobuthakathi ngokwemfundiso yokholo, nangokwenhlalo yomphakathi nokwaluswa. (AM 93)

UMZINDLO

Kungabe ngiyakwazi ukumela inkolo yami yobu-Kristu uma iphonselwa inselelo yizimfundiso ezihambisana nenkolo yomdabu?
Kungabe ngiyakholelwa ebuthakathini? Kungabe nami sengake ngakwenza?

UMTHANDAZO

Ungaphenduleli inhliziyo yami entweni embi ukuba ngenze imisebenzi yobubi kanye nabantu abenza okubi, ngingadli izibilebile zabo. Olungileyo makangishaye, kungumusa kimi; angisole, kungamafutha ekhanda; ikhanda lami malingawenqabi, ngokuba nasebubini babo umkhuleko wami uyobe usekhona.

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESISHAGALOMBILI: UMPHOSTOLI WEMPILO WOKUQINA

Ngemuva kokuba ephumele obala elwisana nokuthakatha emphakathini emhlanganweni owabe ungeSonto, 28 January 1990, abantu baqala ukukhulumela phansi base bethi, " uyena lo owenza ukuba labantu bangayeki, njengoba engumholi. Kungabe ingani ephikisana nokuba kushiswe abathakathi? Akavumelani nokuthi kwenziwe ngendlela yethu".

Abaningi bambona sengathi ubukela phansi inkolelo yabo nangendlela okwenziwa ngayo izinto, bambona njengomuntu ovimbe emphakathini ngenxa yokuba wayelokhu emile engashintshi kulokho akushoyo ngobuthakathi. U-Benedict, wabe engumlandeli wokuqina kaJesu Kristo, wabe emile engaguquki ngokweNkolo yakhe yobuKhatholika, abanye abantu bathi, "kungcono abulawe!" babe sebehlangana benza itulo lokuba abulawe.

IZWI LENKOSI

"Nxa usufikile ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, awuyikufunda ukwenza izinengiso zalezo zizwe. Makungafunyanwa kuwe umuntu odabulisa indodana yakhe noma indodakazi yakhe emlilweni, noma umbhuli, noma ohlola imihlola, noma owenza imilingo, noma umlumbi, noma owenza iziphonso, noma obhula emadlozini, noma umthakathi, noma umlozikazana. Ngokuba yilowo nalowo ozenza lezi zinto uyisinengiso kuJehova; ngenxa yalezi zinengiso uJehova uNkulunkulu wakho. Uyabaxosha phambi kwakho. Mawuphelele kuJehova uNkulunkulu wakho.
" (Duteronomi 9-10)

UKUJULISA UKHOLO

Siyacelwa ukuba sithande sihloniphe impilo yabantu bonke sikwazi ukusebenzisana nalabo abasahlezi okholweni lwabo nakuba bebhekene nezinkinga abanesibindi, ababhekene nezivivinyo ngokufa, engathi bangakuthola bazalwe kabusha, bathole isithelo sakho, iqiniso nothando. (EV 77)

UMZINDLO

kungabe ngiyazihlonipha ini izimpilo zabanye abantu, ngisho nezalabo ababuthaka, ikakhulukazi izingane ezingakazalwa?
Kungane ngiphila impilo enempilo ngiyayinakekela impilo?

UMKHULEKO

Ujehova ungukukhanya kwami nensindiso yami; ngizakwesaba bani na? Ujehova uyinqaba yokuphila kwami; ngizakuba novalo kubani na?
Ekusondeleni kwababi ukuba badle inyama yami abamelene nami nezitha zami bayakhubeka, baweNoma impi imisa ngakimi, inhliziyo yami ayesabi; noma ngivukelwa Ngukulwa, nokho nginethemba (Amahubo 27, 1-3)

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

USUKU LWESISHIYAGALOLUNYE: UMZALWANE WOKUQINA

Ngomhlaka 02 February 1990, ngemuva kokuba eshiye ekhaya layo indoda eyabe iphethe isaka lempuphu, u-Benedict bavimba emgwaqweni ayezohamba kuwo ngezihlahla, umgwaqo wonke. Wathi ukuba aphume emotweni ethi ususa izihlahla endleleni iqulu labafana kanye namadoda laqhamuka ngemuva kwakhe ehlathini baqala bamjikijela ngamatshe amakhulu. Wopha igazi walimala kabuhlungu, wayishiya lapho imoto wabaleka wabalekela ngase nkundleni lapho kudlalelwa khona ibhola eduze kwaseshibhini. Wabe ecabanga ukuthi kukhona ozombona amsize. Wabona umnyango owabe uvuliwe endlini yesiZulu u-rawondi waqonda khona wangena ekhishini wayocasha ezama ukusindisa impilo yakhe.

Iqulu labantu elabe limjaha ngesivinini, labuza umama lapho libuza ukuthi u-Benedict ngabe ucashe kuphi, umama bamsabisa ngokumbulala uma engabatsheli ukuthi uphi. Wabe esebakhombisa lapho ecashe khona, wazikhalela, “ningangibulali, ungaphakathi!”. Ababili babo bangena ngaphakathi badonsa u-Benedict bamdonsela ngaphandle. Wabambelela koyedwa, wazikhalela, “ngiyacela, ningathathi impilo yami!” Umfanyana waphendula, wathi “kulungile. Asiphume, angeke sikubulale.” Wamkholwa, u-Benedict waphuma.

Iqulu labantu labe selizungeze u-rawondi, u-Benedict akakwazanga ukubaleka, kwabonakala omunye wequlu eza nesagila, u-Benedict waguqa wathandaza. Kwathi ngokuphazima kweso, indoda leyo yashaya u-Benedict ekhanda ngewisa, yamhlakaza ugebhezi lwekhanda. U-Benedict wawela eshashalazini. Bamthela ngamanzi abilayo ikhanda, emadlebeni, ezimbotsheni zamakhala nakwezinye izindawo lapho ayelimele khona.

INkonzo yakhe yomngcwabo yaba ngomhlaka 10 February 1990. Kuleyo Nkonzo abaPriste babegqoke izingubo zabo zobuPriste ezibovu ngoba babekholelwa ukuthi uBenedict wafela ukholo lwakhe. Isinqumo sakhe sokuphikisana nobuthakathi esenza ukuba abulawe

IZWI LIKA NKULUNKULU

Babusisiwe abazingelwayo ngenxa yokulunga, ngokuba umbuso wezulu ungowabo.
“Nibusisiwe, nxa benithuka, benizingela, bekhuluma konke okubi ngani, beqamba amanga ngenxa yami.
Jabulani, nithokoze, ngokuba umvuzo wenu mukhulu ezulwini; ngokuba kanjalo abazingela abaprofethi abananduleleyo.

UKUJULISA UKHOLO

Kungumusebenzi weBandla, liholwa uMoya oyiNgcwele osenza sizalwe kabusha usihlanze ingunaphakade, ukwenzela ukuba uNkulunkulu uBaba kanye neNdodana yakhe eyasifela babekanye nathi ezinqondweni. Lezo zinto zingabonakala ngokuba sibe amakholwa aliphilayo ukholo lwethu, njengokuba, siqeqeshwe ukuba sikwazi ukubekezela ezikhathini ezinzima sinqobe. Baningi abafela ukholo abanye basabulawa namanje. Izenzo zabo esikhonjiswa zona, ezenza ukuba izinto zibe lula kithina, ukuba sikwazi ukukhuluma, indlela eya eqinisweni. Okusisalele-nje thina, umusa kaNkulunkulu, okumele silandele ezinyathelweni zawo. (GS21. see also NMI 41)

UMZINDLO
Kungabe isibindi salabo abafelukholo njengo-Benedict singisiza kanjani ukuba ngiphile ukholo lwami?
Ngingasukuma kanjani ngimele ukholo lwami, ngiluphile ngingedwa kanye nasemphakathini?

UMKHULEKO
Umphefumulo wami uyayitusa INkosi,
Nomoya wami uyathokoza kuNkulunkulu,
UMsindisi wami, ngokuba ubhekile ubuphansi bencukukazi yakhe.
Bheka, kusukela manje izizukulwane zonke ziyakuthi ngibusisiwe.
Ngokuba uSomandla ungenzele izinto ezinkulu:
Igama lakhe lingcwele.
Isihawu sikuzo izizukulwane ngezizukulwane kubo abemesabayo.
Wenzile amandla ngengalo yakhe;
Uchithile abazidlayo ekuzidleni kwenhliziyo yabo.
Uwisile amakhosi ezihlalweni , uphakamisa abantukazana.
Abalambileyo ubasuthisile ngezinto ezinhle,
Abacebileyo ubamukise-ze.
Uyisizile inceku yakho u-Israel,
Ukuze akhumbule isihawu,
Njengalokho akusho kokhokho bethu ku-Abraham nenzalo yakhe kuze kube phakade.
(Luka1: 46-55)

Khuleka Umthandazo we-Novena osekhasini lesi-5

“NGIBEKA UMOYA WAMI, ESANDLENI SAKHO”

(Amahubo 31: 5)

“IBandla, umhlaba, kudinga amakholwa aqotho azokhuluma nge-Zwi nangegazi elagobhoza emthonjeni ngenxa yokusithanda”

(Bernard Oliviera, Abbot of the Trappist Monks, 1997)